



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION  
NOVEMBER 2018

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I  
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I**

**MARKING GUIDELINES**

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

---

**These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.**

**The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.**

---

## ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 Yiqiniso
- 1.1.2 Ngamanga
- 1.1.3 Yiqiniso
- 1.2 Ucela ukwazi ukuthi njengoba ebanika i-test nje wabatshela nini ngayo/Ucela ukuthi i-test bayibhale ngesonto elizayo. Nokunye okunembayo.
- 1.3 Uzoya emhlangwanweni, eSt Anthony's College.
- 1.4 1.4.1 uyamthukuthelisa
- 1.4.2 umbuzo
- 1.5 kunzima
- 1.6 1.6.1 isivivinyo/vivinya/hlola
- 1.6.2 Nkosazane/geja/khumbula/sheba/yeqa
- 1.7 USipho ungumfundi onesibindi ngoba akasabi ukuveza iphutha likathisha/ ungumfundi oneqiniso ngoba utshela uthisha wakhe emehlweni ukuthi unephutha/ungumfundi ohlakaniphile ngoba akavumi ukubhala isivivinyo engazilungiselelanga/unobuholi ngoba ukwazi ukumela abafundi bekilasi lakhe/uyisiphoxi ngoba uhlambalaza uthisha phambi kwabafundi/unolimi oluhle/unenhlonipho ngoba wehlisa umoya yize uthisha ekhuluma ngolaka/ uluhlaza/ ungumfundi owaziyo amalungelo akhe/ uyadelela. Nokunye okunembayo.
- 1.8 Yebo
- Ngoba unguthisha obalalelayo abafundi bakhe, ekugcineni uyavumelana nesicelo sabafundi bakhe.
- Ngoba ngingahlala ngiwumfundi ophapheme nozilungiselelayo ngomsebenzi wakhe ngoba ufuna abafundi bahlale belindele ukubhala itest (isivivinyo).
- Cha
- Ngoba lo thisha unenkani/unolaka/ukhuluma noma ikanjani nabafundi/ akazilungiseleli ngomsebenzi wakhe kusenesikhathi. Nokunye okunembayo.
- 1.9 **Ekilasini** ngoba le ndaba yenzeka ekilasini lokhu sikubona ngokuba khona kukathisha nabafundi abazobhala isivivinyo. **Inkinga kathisha** ngoba u-Miss Khumalo unenkinga yokungazilungiseleli kusenesikhathi ngomsebenzi wakhe. Uthisha unenkinga yokuthi abafundi bakhe abafuni ukwenza umsebenzi wakhe. Abafundi bakhe abalawuleki. Ezinye izihloko ziyiqhamuka kubafundi.

## UMBUZO 2

- 2.1 KwaZulu-Natali/sikwaZulu-Natali/ KZN, eNatali.
- 2.2 Sezinsuku eziyisithupha/ eziyi -6/ ezingu -6.
- 2.3 Ngoba kunolwandle lokubhukuda/ kukhona iziphuzo ezibandayo/kukhona u-ice cream/Yindawo eneziphuzo ezibandayo.
- 2.4 Kufanele uthumele umyalezo/i-email ku awesomehotel@gmail.co/ushaye ucingo ulushayele ku 0800 11 22 33/uye khona wena siqu sakho ekhelini elithi: E-AWESOME HOTEL SOUTH COAST, 39 Kupholile Avenue, Margate, 4270.

## UMBUZO 3

- 3.1 UKim, Umama Smith, uZola.
- 3.2 Gcwalisa:
  - 3.2.1 izibuko/ amagilasi
  - 3.2.2 eduze/eceleni/kwesokudla/esandleni sokudla.
- 3.3 Ngizothumela lesi sithombe/ngizoposa lesi sithombe/Ngizofaka lesi sithombe.
- 3.4 Bayamoyizela/Bayahleka/Ubuso babo buchachambile/bayamamatheka/ bayamomotheka.
- 3.5
  - Bagqoke amabhantshi/amajakhethi
  - Baphethe ubuchwepheshe/omakhalekhukhwini
  - Bagqoke amahembe
  - Bayamoyizela/bajabulile
  - Bahleli eduze kwabantu besifazane
  - Bahleli phansi/ bangabelungu/ bamhlopheNokunye okunembayo.
- 3.6 Bashadile/bayathandana/banobudlelwano obuhle/ baganene/ umfazi nendoda.
- 3.7 Nawe umuhle/uyabukeka myeni wami/Ave unomusa/Ngiyazi. Nokunye okunembayo.

## **ISIQEPHU B            UKUFINGQA**

### **UMBUZO 4**

- USamke nabangani bakhe balungiselela umdlalo webhola lezinyawo. Baya ejimini nasenkundleni yezemidlalo ukuze balungiselele lo mdlalo.
- USamke ukhuluma ngomdlalo webhola lezinyawo, okuwumdlalo wakhe. Kuzoba nomqhudelwano wamanyuvesi aseNingizimu Afrika ngoDisemba eRhodes.
- Umqeqeshi kaSamke uThandi unolwazi olukhulu lomdlalo, yingakho abadlali bemhlonipha.
- Umqeqeshi ubakhuthaza ukuthi badle ngendlela enempilo ukuze badlale kahle.
- Iqembu elizophumelela emidlalweni yebhola lezinyawo lizothola ithuba lokuyobuka iBarcelona ne-Real Madrid e-Spain.

## **ISIQEPHU C            IZINKONDLO**

### **Izinkondlo ezifundwe ekilasini.**

#### **UMBUZO 5**

##### **Inkondlo A**

- 5.1 Inomuzwa wothando.
- 5.2 Uthando/ubudlelwano/ithemba/ukubekezela.
- 5.3 Umuntu usuke ejabulile/esothandweni/umuntu usuke ezizwa kamnandi/eneme/esese/ egculisekile.
- 5.4 Ilirikhi ngoba imbongi inomuzwa wothando/imbongi isebenzisa u "Ngi".
- 5.5 Ngoba ucu wumgexo okhishwa ngabantu besifazane njengophawu lothando.

#### **UMBUZO 6**

##### **Inkondlo B**

- 6.1 Khohlwa Badelile.
- 6.2 Yisoka likaBadelile elaboshwa ngoba labulala/elathathwa ngamaphoyisa engazi uBadelile. Nokunye okunembayo.
- 6.3
  - 6.3.1 Lase liya kozilahla kunina (umugqa 1).
  - 6.3.2 Ayengamthanda njengoFalakhe (umugqa 21).
- 6.4 Kusho ukuthi kuyofika abakhongi/uBadelile uzolotsholwa/unethemba lokuthi uFalakhe uzobuya bese ekhokha ilobolo/bazoshada/ bazomcela.
- 6.5 Ithemba alibulali ngoba ukube liyabulala ngabe wafa noBadelile/Uthando aluboni/Ungabomethemba umuntu, ubothemba itshe/Le nkondlo isivezela umyalezo wokuthi kuyabekezela othandweni ngoba ikusasa alaziwa/Hlala ethembeni/Akukho okufihliwe okungeyukuvela/Qaphela, ubugebengu buzokufaka ejele. Nokunye okunembayo.

## UMBUZO 7

### Inkondlo C

- 7.1 Bashonile/bafulathele amafu/baye kwagoqanyawo/abasekho emhlabeni/ baye eZulwini/baseZulwini/balele ngoxolo/bafile/bahamba emhlabeni/baselibeni/ bangcwatshiwe. Nokunye okunembayo.
- 7.2 7.2.1 kwesikabhadakazi  
7.2.2 ukukhihla isililo/isililo
- 7.3 Inzwa yokubona/yokubuka/inzwa yokubheka.
- 7.4 Le nkondlo inomoya wokulangazelela/inomoya oxubile, wokujabula futhi wosizi. Isizathu: Yingoba ifisa inkumbulo iyithathe ngemicabango yayo iyise lapho engazi khona, inqobo nje uma izothola ukujabula lapho ibona abazali bayo abangasekho.

## UMBUZO 8

### INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI

- 8.1 Ngoba yonke imigqa inezimpawu zokuloba/zokubhala/sinezimpumuzi/ sineziphumuzi.
- 8.2 8.2.1 Amaphuph' am' ayafezeka.  
8.2.2 Zizinde, zishayela phezulu (umugqa 5)  
Ngizibukile, ngadela (umugqa 6).  
8.2.3 Lapho selibantu bahle  
Ngithe ngiyaqalaza ...  
Iqhakazile qed' inhliziyo yami yavuleka  
Yachichim ...
- 8.3 Imbongi ijabulile (kakhulu)/yesese/ yeneme/ igcwele intokozo.
- 8.4
- Le nkondlo inezitanza eziyisithupha.
  - Izitanza zale nkondlo zinemigqa engu 29/imigqa kulezi zitanza ayilingani.
  - Izitanza zinemigqa evulekile nevalekile, eminye mide/ Izitanza zale nkondlo azilingani.
- 8.5 8.5.1 Imvumelwano siqalo:  
Ngiwuzungezil' umhlaba,  
Ngizibonil' ezimhlophe nezinsundu,  
**NOMA**  
Imvumelwano siqalo:  
Zihlobe ngemibal' enhlobonhlobo,  
Zizinde, zishayela phezulu.
- 8.5.2 Ukuxhumana siqalo:  
Zihlobile zikhazimulis' okwethusi,  
Zihlobe ngemibal' enhlobonhlobo,

**ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 9**

- 9.1 9.1.1 unamalunga/owamalunga
- 9.1.2 sihambe
- 9.1.3 nomama/benomama
- 9.1.4 nenja
- 9.2 9.2.1 omude
- 9.2.2 enhle
- 9.2.3 elincane/omncane
- 9.3 9.3.1 Nkk
- 9.3.2 Mnu
- 9.4 9.4.1 Ubaba akamude kunomama wami.
- 9.4.2 Lo mndeni awuhambi ngemoto namhlanje.
- 9.5 9.5.1 Umndeni wami **ukhishwa** ngubaba njalo ngoMgqibelo.
- 9.5.2 Abazali **bathengela/bathengisa** abantwana izimpahla edolobheni/  
bathengelwa.
- 9.5.3 Lo mfana **ubhekana** nenja yakhe uNtofo/ubhekela/ubhekisa/  
ubheka bhekana.
- 9.6 9.6.1 Umama wakhe unenkinga **ezingalweni**.
- 9.6.2 Bashiye kungekho muntu **ekhaya**.

## UMBUZO 10

- 10.1 10.1.1 unyakana
- 10.1.2 incwajana
- 10.1.3 umzinjana
- 10.1.4 izinwedlana
- 10.2 10.2.1 ULira ucula izingoma zothando uma/mhla ejabule/ejabulile.  
ULira ucula izingoma ezimnandi ukuze ajabule.  
ULira ucula izingoma ezimnandi ngakho–ke ujabule/uyajabula/  
ujabulile.
- 10.2.2 Umngani wami ufuna ukudlala umculo kaLira uma/mhla eshada.  
Umngani wami ufuna ukudlala umculo kaLira ukuze ashade.
- 10.2.3 Ngilalele umculo kaLira ngakho–ke/ukuze ungangiphazamisi/  
Ngilalele umculo kaLira ngakho–ke/ukuze wena ungangiphazamisi/  
Wena ungangiphazamisi uma ngilalele umculo kaLira.
- 10.3 10.3.1 Bona
- 10.3.2 Yona
- 10.4 10.4.1 Ngonyaka ozayo abaculi baseNingizimu Afrika bazohola imali eningi/  
Ngonyaka ozayo abaculi baseNingizimu Afrika bazoyihola imali  
eningi.
- 10.4.2 Izolo abaculi baseNingizimu Afrika bahole imali eningi/ Izolo abaculi  
baseNingizimu Afrika bebehola imali eningi/ Izolo abaculi  
baseNingizimu Afrika bayiholile imali eningi.

## UMBUZO 11

- 11.1 Ekugcineni, sesizolithola nathi ithuba lokuphumula.
- 11.2 USosobala **inyanga** enkulu esebenzisa imithi yokwelapha isifo sokuwa.  
**Inyanga** yokuzalwa kukaJesu nguDisemba.  
Ebusuku bekukhanya kakhulu ngoba bekukhona **inyanga** egcwele.

**Amamaki esewonke: 100**